# USARS USHAQE IZIQUKATHI EZIDALULWE NGOKUNGELONA IQINISO

**Tshwane, ngoLwesithathu mhla ziyi-8 kuNhlangulana 2022 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) ngethimba lawo i-Customs & Excise National Rapid Response Team bashaqe umthwalo oyishumi nambili (11) obudalulwe ngokungelona iqiniso obekuyizingubo zokugqoka ebezivezwe njengezicathulo obekuzolimaza imali engenayo yenani elingu-R 3 million.

Ithimba leHhovisi Elilawula Impahla Emngceeni lihlole laphenya iziqukathi eziyi-11, kanye namadokhumenti ahambisana nazo, lathola umthwalo obukade udalulwe ngokungelona iqiniso okwenziwe abangenisa impahla ezweni ababili. Abangenisi bempahla ezweni ekudaluleni kwabo kwaSARS bathe izicathulo okwabe kungelona iqiniso.

Abangenisa impahla ezweni babhaliselwe icala lokukhwabanisa eMnyangweni wamaPhoyisa, osaqhubeka nophenyo ngokubambisana noSARS.

USARS ufisa ukugcizelela isexwayiso sawo kubahwebi abangathobeli kanjalo nabasebenzeli abaqinisekisayo ukuba bayeke lo mkhuba wokudalula ngokungelona iqiniso nemizamo yokukhwabanisela umbuso lokhu okumele kuze emalini eqoqwayo.

UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter, ushayele izandla imizamo yezisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni. Uthe, “Umyalezo kubahwebi abangathobeli nabasebenzeli abaqinisekisayo kumele ngokungangabazeki, ukuthi ngokuhambisana nezimpokophelo zamasu ethu, uSARS ulokhu uqhubeka nokuqinisa amandla awo okuhlonza. Uzokwenza kube nzima futhi kumbe eolo kulabo bakhokhintela abakhetha ukuphuma umthetho nabaziphatha ngendlela yokungathobeli okuyisenzo sobugebengu.”

Ngemibuzo kwabezindaba sicela uxhumane nabo ku SarsMedia@sars.gov.za.